


1Life
Changing Lives

# Indlela yokuqinisekisa

## Iyini i-DebiCheck?

I-DebiCheck ikuvumela ukuba ulawule izivumelwano zokudonswa kwemali (debit orders) e-akhawunti yakho yasebhange, ikunikeze isiqinisekiso esisodwa esingena edivayisini yakho esivela ebhange lakho engakapheli amahora angama-48. I-DebiCheck iyinqubo ephephile echaza inani eliqondile kanye nosuku esizodonsa ngalo imali e-akhawuntini yakho yasebhange ukuze ukhokhele iphalisi yakho yomshwalense. Inqubo yokuqinisekisa izodingeka ngemva kokuxoxa nathi noma lapho kwenziwa ushintsho epholisini yakho.

## Bheka ukulandelana kwezinyathelo zenqubo yasebhange lakho ngezansi:

| | Ukuqinisekisa ku-App | Ukubhanga ku-inthanethi | Ukuqinisekisa ku-ATM |
|---|---|---|---|
| FNB | • Izivumelwano zokudonswa kwemali okumelwe zigunyazwe zizovezwa.<br>• Bheka imininingwane eyisisekelo yomsebenzi we-DebiCheck bese uyamukela<br>• Khetha okuthi 'Finish', ngemva kwalokho uzovunyelwa ukuba uqhubeke nezenzo ku-App. | • Kuzovela uhlu lwemisebenzi elindile ye-DebiCheck.<br>• Yamukela bese ubheka imininingwane yemisebenzi ye-DebiCheck.<br>• Uzocelwa ukuba uvule i-app yakho yasebhange bese ulandela imiyalelo. | • Khetha isivumelwano sokudonswa kwemali ofisa ukusigunyaza ohlwini oluveziwe.<br>• Isifinyezo semininingwane yesivumelwano sokudonswa kwemali sizovezwa, ngemva kwalokho ungaqhubeka wamukele isivumelwano sokudonswa kwemali se-DebiCheck. |
| CAPITEC BANK | • Chofoza kuthebhu ethi 'Transact' elandelwa okuthi 'Debit orders'.<br>• Qhubeka ukhethe ithebhu ethi 'DebiCheck' bese ugunyaza umsebenzi ofanele ohlwini lwemisebenzi elindile ye-DebiCheck. | • Yiya kokuthi 'My Pending DebiChecks'.<br>• Khetha bese ugunyaza umsebenzi ofanele we-DebiCheck. | Akufaneleki |
| absa | • Khetha okuthi 'Debit Orders' kokuvela kumenyu.<br>• Khetha futhi ugunyaze umsebenzi ofanele we-DebiCheck ohlwini lwemisebenzi elindile. | • Khetha ithebhu elithi 'Payments' bese uchofoza inketho ethi 'Authorisations' eveziwe.<br>• Khetha umsebenzi we-DebiCheck ofuna ukuwenza.<br>• Qinisekisa ukuthi imininingwane inembile bese uyagunyaza. | • Khetha okuthi 'Other Transactions' kokuvela esikrinini kuze kube yilapho ubona inketho ethi 'DebiCheck Debit Orders'.<br>• Khetha umsebenzi we-DebiCheck ofuna ukuwenza ohlwini lokulindile.<br>• Bheka imininingwane emsebenzini wesivumelwano sokudonswa kwemali bese uyagunyaza. |
| NEDBANK | • Khetha i-akhawunti okwenziwe ngayo isivumelwano sokudonswa kwemali.<br>• Yiya kuthebhu ethi 'Debit Order' bese ukhetha ithebhu ethi 'Mandate' ukuze ubheke yonke imisebenzi ye-DebiCheck.<br>• Khetha umsebenzi olindile we-DebiCheck ukuze uthathe isinyathelo futhi ugunyaze. | • Khetha i-akhawunti okwenziwe ngayo Isivumelwano Sokudonswa Kwemali.<br>• Khetha okuthi 'Debit Orders' nomsebenzi we-DebiCheck ukuze ugunyaze.<br>• Bheka imininingwane yomsebenzi bese uyagunyaza | • Khetha inkinobho ethi 'Debit Order Request' bese uyaqhubeka ukhethe inkinobho ethi 'Debit Order Authorisation'.<br>• Khetha umsebenzi ofanelekayo we-DebiCheck, bheka imininingwane bese uyagunyaza. |
| Standard Bank | • Kuzovezwa umyalezo okutshela ukuthi unesivumelwano sokudonswa kwemali esilinde ukugunyazwa.<br>• Landela ilinki yokuhlola, ubheke isicelo bese wamukela umsebenzi we-DebiCheck. | • Khetha okuthi 'Transact' esikrinini sakho sokuqala.<br>• Khetha okuthi 'Debit orders' bese ukhetha okuthi 'DebiCheck'.<br>• Bheka imininingwane yomsebenzi we-DebiCheck bese uyamukela. | • Khetha inketho ethi 'More Service' kuze kube yilapho ubona inketho ethi 'DebiCheck Confirm Mandate'.<br>• Yamukela Imigomo Nemibandela.<br>• Khetha umsebenzi ofanelekayo we-DebiCheck, bheka imininingwane bese uyagunyaza. |
| **Ukuqinisekisa igatsha** | Ungakwazi nokugunyaza imisebenzi ye-DebiCheck ngokuvakashela igatsha lakho eliseduzane ukuze uthole usizo. | | |

### Isebenza kanjani i-DebiCheck?

I-DebiCheck ihlinzeka ngendlela ephephile nethembekile yokulawula isivumelwano sokudonswa kwemali, ivumele ukuthunyelwa kwesiqinisekiso edivayisini yakho ngaphambi kokucubungula futhi ikutshele ngezivumelwano ezitsha enkundleni esebenziseka kalula yasebhange.

### Ingabe i-DebiCheck iphephile futhi ivikelekile?

Yebo, i-DebiCheck iyisixazululo esiphephe kakhulu esisebenzisa ukuqinisekisa nokukhiya ukuze kuqikelelwe ukuthi izinkokhelo zigunyaziwe nokuthi i-akhawunti ivikelekile.

### Ngingayisebenzisa yini i-DebiCheck ukuze ngilawule izivumelwano zokudonswa kwemali kunoma iyiphi i-akhawunti yasebhange?

Yebo, izivumelwano zokudonswa kwemali zanoma iyiphi i-akhawunti yasebhange zilawulwa yi-DebiCheck eningini lamabhange amakhulu aseNingizimu Afrika.

### Ingabe ngizokhokhiswa izindleko zokusebenzisa i-DebiCheck nomshwalense wami?

Cha, i-DebiCheck imahhala kithi, akukho zindleko.

### Kuzodingeka ngisiqinisekise kangaki isivumelwano sami sokudonswa kwemali se-DebiCheck?

Kuzodingeka uqinisekise imininingwane yesivumelwano sakho sokudonswa kwemali ekuqaleni kwenkontileka kuphela. Nokho, uma imininingwane yesivumelwano sokudonswa kwemali noma inani lephrimyamu oliqinisekisile lishintsha, ibhange lakho lizokucela ukuba uqinisekise imininingwane emisha.


1Life Insurance is a licensed life insurer & FSP. Ts & Cs online. Copyright 2024 © 1Life Insurance Limited - All Rights Reserved

1Life Changing Lives